NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION
MAY 2021

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA: IPHEPHA II
ISIZULU FIRST ADDITIONAL LANGUAGE: PAPER II

Isikhathi: Amahora ama-2½ Amamaki ayi-100

QAPHELA LOKHU OKULANDELAYO

1. Leli phepha linamakhasi ayi-12. Qiniseka ukuthi nelakho liphelele.
2. Leli phepha lineziqephu EZIMBILI.
3. Phendula zombili IZIQEPHU.
4. Izinombolo zezimpendulo zakho mazibe njengasephepheni, **UNGAZIGUQULI**.
5. Ungaqala nganoma yisiphi isiqephu kodwa kufanele imibuzo yeziqephu ungayixovi.
6. Qala umbuzo omusha ekhasini elisha.
7. Bhala ngokucacileyo nangobunono ukuze kube lula ukumaka umsebenzi wakho.
8. Phendula yonke imibuzo ngesiZulu esihle.

IEB Copyright © 2021

ISIQEPHU A *ISIGCINO NGESAMI – S.G. ZULU*

Lesi siqephu sinoMbuzo 1, uMbuzo 2, uMbuzo 3, noMbuzo 4.

- **Phendula yonke imibuzo.**
- **Qala yonke imibuzo yalesi siqephu ekhasini elisha.**
- **Uzothola amamaki kulokhu okulandelayo:**
  - **ulwazi lwendaba**
  - **ukwethula umbono wakho uwusekele kahle**
  - **ukubhala inani lamagama**
  - **isipelingi esihle**
  - **ulimi oluhle**

UMBUZO 1

Funda isigaba esicashunwe emdlalweni ***'ISIGCINO NGESAMI'***. Phendula imibuzo engezansi.

Mahlase:	*(Abheke uThoko)* Ngiyezwa Mshengu. Umfana ngagcina ethi uzothumela abakhongi, bafika?
Mshengu:	Bafika, kodwa angakhuluma nabo ngoba angikafuni ukuthi intombazane igane.
Mahlase:	Kanti intombanzane ize kanjani lapha?
Mshengu:	Kwasho yona yathi izoziganisa lapha.
Mahlase:	Kodwa pho uthi akufanele uyidedele igane njengoba yona sengathi izimisele ngomfana nje?
Mshengu:	Cha, mnumzane, senza **isivumelwano** nentombazane. Iyasazi nayo. Lesi senzo sayo nje sephula leso sivumelwano.
Mahlase:	Nami bengisho ngoba abantu abasha laba abasafuni ukuhamba ngenqubo yethu. Uma umdala uthi uyacindezela, bavele bazenzele umathanda.
Mshengu:	Yikho lokho-ke Mahlase engifuna ukukulungisa. Ngasho entombazaneni ukuthi kuyogcina mina, hhayi yona.

[Sicashunwe esigcawini 5, ekhasini 31]

1.1 Ubani igama lo mfana okukhulunywa ngaye? (1)

1.2 Ngokwalo mdlalo, uMshengu isithakazelo sasiphi isibongo? (1)

1.3 Yisiphi **isivumelwano** esenziwa nguThoko noMshengu? (2)

1.4 Qhathanisa uMahlase noMshengu. Bangobaba abanjani? Chaza bese usekela ngokomdlalo. (3)

IEB Copyright © 2021

1.5 Funda isigaba esicashunwe emdlalweni **'*ISIGCINO NGESAMI*'**. Bhala impendulo ezoba **ngamagama angama-60 kuya kwangama-80 ngokulandelayo**.

"**MaNdlela:**	Impela baba sengathi uMahlase lo uyilaba bantu abamhlophe.
Mshengu:	Kodwa uthi uThoko wambukisisa lo muntu? Angakwenza kanjani ukusiphuthumisa ngomshado kanti ugana **inkawu**?"

[Sicashunwe esigcawini 3, ekhasini 9]

- Bhala isizathu esasenza uMshengu angamfuni umkhwenyana wakwakhe/kaThoko. (1)

- Veza umbono wakho ngokucwasana ngebala, njengoMshengu ebiza umkhwenyana wakhe ngamagama angemahle. (2)

- Bhala ngesiphetho kanye nesifundo ositholayo phakathi kukaMshengu nomkhwenyana wakwakhe/kaThoko. (3)

Ulimi nohlelo (1)

Inani lamagama nokulibhala (1)
[15]

UMBUZO 2

Funda lokhu okulandelayo bese uphendula imibuzo. Bhala impendulo ngezigaba. Phendula ngamagama asukela **kwayi-100 kuya kwayi-120**.

'Indawo ohlala noma ophila kuyo ingaba nomthelela omubi noma omuhle empilweni yakho.' Sekela lesi sitatimende ngomdlalo '***ISIGCINO NGESAMI***' ubhekise kokulandelayo:



[<www/google.co.za>]

- Indawo lapho lo mdlalo wenzeka khona. (1)
- Impilo abayiphilayo/Isimo senhlalo. (3)
- Umthelela wendawo ezimpilweni zalaba balingiswa:
  - UMshengu (4)
  - UThoko (3)
  - UMaNdlela (2)
- Ulimi nohlelo (1)
- Inani lamagama nokulibhala (1)

[15]

IEB Copyright © 2021

UMBUZO 3

Bhala **ingxoxo** ezoba ngamagama **ayi-130 kuya kwayi-150**.



[<www/google.co.za>]

UThoko usesibhedlela emva kokusha nendlu. USifiso uzomvakashela, uhlangana noMshengu ubaba kaThoko. Bhala **ingxoxo** phakathi kukaMshengu noSifiso bekhuluma ngokwenzekile nokusazokwenzeka.

Amamaki:

Ingqikithi (okusendabeni = 7/okwakho = 3)	(10)
Isakhiwo	(2)
Ulimi nohlelo	(2)
Inani lamagama nokulibhala	(1)
	[15]

IEB Copyright © 2021

UMBUZO 4

Bhala **i-eseyi** ezoba ngamagama **ayi-180 kuya kwangama-200. I-eseyi** yakho mayihlukaniseke **ngezigaba**.



[<www/google.co.za>]

Wena unguJabu, ucelwe nguThoko ukuba ukhulume emshadweni wabo noSifiso.
Bhala amazwi ozowasho emshadweni ubhekise kokulandelayo.

Qaphela: Sebenzisa okusemdlalweni.

Isingeniso

Chaza kafishane ngokuthi kungani uThoko ekhethe wena ukuthi ukhulumele abangane futhi uzizwa kanjani. (2)

Ingqikithi

- Ngamaphuzu **amathathu** chaza ngobudlelwano benu nokuthi nazana kanjani noSifiso. (3)
- Yisho **okuthathu** okwaziyo ngoThoko. (3)
- Chaza ukuthi ucabanga ukuthi uThoko uzoba ngunkosikazi onjani. Nika **okuthathu**. (3)

IEB Copyright © 2021

- Nika amaphuzu **amane** ukuthi ucabanga ukuthi bazohlalisana kanjani emshadweni wabo. Sekela, uphawule ngobudlelwano bukaThoko noSifiso. (4)

- Ukubonga abantu abenze ukuthi lo mshado ube yimpumelelo (abalingiswa abasemdlalweni). (2)

Isiphetho

Umyalezo ofisa ukuwudlulisela abashadikazi uThoko noSifiso (3)

Isakhiwo (1)

Ulimi nohlelo (3)

Inani lamagama nokulibhala (1)
[25]

Amamaki angama-70

IEB Copyright © 2021

ISIQEPHU B UKUBHALA NOKWETHULA

Lesi siqephu sinoMbuzo 5 noMbuzo 6.

- **Qala yonke imibuzo yalesi siqephu ekhasini elisha.**
- **Uzothola amamaki kulokhu okulandelayo:**
  - isakhiwo esifanele
  - ithoni nerejista efanele
  - ulimi oluhle
  - isipelingi esihle
  - ingqikithi enhle
  - ikhono lokuziqambela
  - ukubhala inani lamagama

UMBUZO 5

Phendula uMbuzo 5.1 **NOMA** uMbuzo 5.2. Bhala amagama **ayi-150 kuya kwayi-180**.

5.1 **Incwadi yakomkhulu**

Esikoleni sakho iziqhwaga (*bullies*) zihlukumeza abafundi nothisha. Bhalela uthishanhloko **incwadi yokukhononda/yokukhalaza** ngalesi senzo salezi ziqhwaga.



[<www/google.co.za>]

IEB Copyright © 2021

Encwadini yakho ungafaka okulandelayo nokunye:

- Izinto ezimbi ezenziwa yiziqhwaga (2)
- Ukuhlukumeza kwenzeka nini, kuphi, kanjani (2)
- Umthelela wezenzo ezimbi zeziqhwaga esikoleni (3)
- Othisha nabazali bangenzani ukusiza (3)

Amamaki:

Ingqikithi

Isakhiwo (7)

Ulimi nohlelo (2)

Inani lamagama nokulibhala (1)
[20]

NOMA

5.2 **Umbiko**

Esikoleni sakho iningi labafundi aliziphethe kahle futhi aliqedi isikole. Uthishomkhulu ucele wena njengosihlalo ophethe isigungu sabafundi *(SRC)*, ukuthi wenze ucwaningo bese ubhala **umbiko ophelele** ngalezi zinkinga.



[<www/google.co.za>]

Bhala ngalokhu okulandelayo:

- Ukungahloniphi abazali nothisha (2)
- Ukuthatha izidakamizwa (2)
- Ubugebengu obenziwayo (2)
- Isiphetho (2)
- Iziphakamiso **ngephuzu ngalinye** (2)

Amamaki:

Ingqikithi

Isakhiwo (7)

Ulimi nohlelo (2)

Inani lamagama nokulibhala (1)
[20]

IEB Copyright © 2021

UMBUZO 6

Khetha uMbuzo 6.1 **NOMA** uMbuzo 6.2. Bhala amagama **angama-60 kuya kwangama-80**.

6.1 Isimemo

Ngenyanga ezayo ugogo wakho uzobe enza iminyaka engama-80. Njengabazukulu nithathe isinqumo sokumenzela iphathi/umcimbi. Bhala **isimemo**, umeme umndeni kanye nabangani bakagogo.



[<www/google.co.za>]

Amamaki:

Ingqikithi (5)

Isakhiwo (3)

Ulimi nohlelo (1)

Inani lamagama nokulibhala (1)
[10]

NOMA

6.2 **Isikhangiso**

Isikole sakho sizoba nosuku lokubukisa ngesikole *(open weekend/day)*. Abafundi abaqhamuka kwezinye izikole, abafisa ukuzofunda khona ngonyaka ozayo bazovakasha. Bhala **isikhangiso** udayise ubuhle besikole sakho.



[<www/google.co.za>]

Amamaki:

Ingqikithi (5)

Isakhiwo (3)

Ulimi nohlelo (1)

Inani lamagama nokulibhala (1)

[10]

Amamaki angama-30

Amamaki esewonke: 100

IEB Copyright © 2021